

INKULUMO EMKHOSINI WOSUKU LWENKOSI USHAKA

NGUMNTWANA MANGOSUTHU BUTHELEZI, UNDUNANKULU
WAKWAZULU NONGUMENGAMELI WEDEMBU LENKATHA YENKULULEKO

IMIGUBHO EHLANGANISIWEYO YEZIFUNDA
ZAKWAHLABISA/ENSELENI/ONGOYE/ENKANYEZI

KWAMSANE : ESIFUNDENI SAKWAHLABISA 4 OKTHOBA 1972

[illegible]

IVALIWE IZE IKHULUNYWE

INKULUMO EMKHOSINI WOSUKU LWENKOSI USHAKA

NGUMNTWANA MANGOSUTHU BUTHELEZI, UNDUNANKULU
WAKWAZULU NONGUMENGAMELI WEGEMBU LENKATHA YENKULULEKO

IMIGUBHO EHLANGANISIWEYO
ZAKWAHLABISA/ENSELENI/ONGOYE/ENKANYEZI

YEZIFUNDA

KWAMSANE : ESIFUNDENI SAKWAHLABISA 4 OKTHOBA 1992

MPHATHI WOHLELO; SILO SOMHLABA ^{Ngondlunkulu} INGONYAMA KAZULU INGONYAMA
KAZULU NABANTWANA BASENDLUNKULU; ABAHOLI BEZENKOLO ABAKHONA
AMAKHOSI AKULESISIFUNDA NAMAKHOSI AVELA KWEZINYE IZIFUNDA;
ABAHLOONISHWA ONGONGONGOSHE NABAHLOONISHWA AMAPHINI
AWONGONGONGOSHE ABAKHONA; AMALUNGU OMKHANDLU WAKWAZULU
OSHAYUMTHETHO AKHONA; YIZIKHULU ZAYOYONKE IMINYANGO
KAHULUMENI WAKWAZULU; IZINDUNA NAMAKHANSELA AKHONA; AMALUNGU
AZOZONKE IZIZWE ZAKULESISIFUNDA NAWEZIFUNDA EZINGOMAKHELWANE;
IZIHAMBELI EZINGOKA, BAFOWETHU NODADEWETHU, MADODANA
NAMADODAKAZI ETHU ATHANDEKAYO E-AFRIKA.

NGIZIZWA NGIHLONIPHEKE ~~KAKHULU~~ ~~UKUBA~~ ~~NGETHULE~~ INKULUMO
KULOLOSUKU OLUMQOKA ~~KAKANGAKA~~ LAPHO SIKHUMBULA ~~KHONA~~ IQHAWA
ELIYINKOSI USHAKA, ISILO SIKAZULU. INKOSI USHAKA WAKHA UMBUSO
ONAMANDLA, UMSEBENZI OWAFEZWA NGUMUNTU OWAYENIKELE NGAYOYONKE
IMPILO YAKHE ~~KUBANTU~~ ~~BAKUBO~~. INKOSI ~~USHAKA~~ ~~NOMLIBA~~ ~~OMUDE~~
WAMAQHAWA ANGAMAKHOSI ALANDELA EZINYATHELWENI ZAKHE,
ABABUSI ABAMELE ISILO SAMABANDLA INGONYAMA KAZULU LAPHA
NAMHLANJE, BAZABALAZELA UKUHLANGANISA ABANTU BAKWAZULU UKUBA
BAPHILE NGOKUTHULA NANGOKUZWANA.

UKUTHULA NOKUZWANA ~~KULEYOMINYAKA~~ ~~YAKUDALA~~ LAPHA ABANTU
BABEHLALA BESEMSENI WALOKHO OKWAKUCINDEZELE IZWE LABO NEZITHA
ABABEHLALA BEZILINDELE NXAZONKE, ~~KWAKUTHEMBELE~~ ~~EMIBANDELENI~~
EMIBILI, OKUKUQALA, ~~NGAMANDLA~~ ~~OKUHLANGANISA~~ ~~AMANDLA~~ ABO
NDAWONYE UKUZE BAKWAZI ~~UKUBHEKANA~~ ~~NALOBUBUNZIMA~~ ~~BOMFUTHO~~
OMUSHA NOKUPHIKELELA ~~OKWENGEZIWEYO~~. OKWESIBILI, ~~UKUTHEMBEKA~~
KWAMAZULU KUBAHOLI ~~BAWO~~. KAKUKHONKOSI ~~EYAYINOKUBUSA~~ ~~PHEZU~~
KOMBUSO WAYO ~~OWAWUMKHULU~~ ~~NJENGOWENKOSI~~ ~~USHAKA~~ NGAPHANDLE
KOKUBA ABANTU BAYO BAFUNE UKUBUSWA YIYO FUTHI BEKHOLELWA
EBUHOLINI BAYO. SISALOKHU ~~SITHEMBEKILE~~ ~~NASESILWENI~~ SETHU
ESIBUSAYO NJENGAMANJE NJENGOBA OKHOKHO BETHU BABETHEMBEKILE
EMAKHOSINI AMADALA.

NGUBUNYE BUKAZULU, ^{we}UKUTHEMBEKA KUKAZULU NESIBINDI SAKWAZULU

ENGIFUNA UKUNIKHUMBUZA NGAKHO NONKE ENILAPHA NAMHLANJE.
SEKUPHINDILE FUTHI IMPILO NELUNGELO LOBUZIBULO BABANTU
BAKWAZULU KULENGELWA YINGOZI. EZIKHATHINI ZOKULENGELWA KWETHU
YINGOZI KUFANELE SIHLANGANISE IZINHLA SIBHEKANE NEZITHA ZETHU
NGAMANDLA ENKOLELO YETHU NENKOLELO YETHU EMANDLENI ETHU
NJENGOZULU. SIYISIZWE SAMAQHAWA ESINESIBINDI, ISIBINDI
NOBUQHAWA BETHU SEKWAHLOLWA KUPHINDAPHINDWA EMINYAKENI
NGEMINYAKA YOMLANDO WETHU.

UDABA LOMHLABATHI LUNGOMUNYE WEMIPHUMELA YOBANDLULULO ABANTU
BAKWAZULU ABANGAKAZE BAYEKE UKULWA NALO. AMATHUBA
OKUSEBENZISA NOKUPHATHA UMHLABATHI ABE NGUMBANDELA OBUCAYI
EKUTHUTHUKISWENI KOBANDLULULO KULELIZWE. KWADLIWA UMHLABATHI
WABANTU ABAMNYAMA BEPHUCA WONA. IMIGOMB KAHULUMENI
WASENINGIZIMU NE-AFRIKA YOKUBEKA IZITHIYO ENKULULEKWENI
YABANTU ABAMNYAMA EMHLABATHINI WABO NOKUTHUTHWA KWABO
BAYOKWAKHISWA KWEZINYE IZINDAWO KUHQLELEKE EKHQBHEKENI
KOBUPHOFU KWEZINDAWO ZABAMNYAMA ZASEMAKHAYA LAPHO UMKHQIQIZO
WABALIMI ABAMNYAMA ULINYAZWE KHONA KAKHULU YIKUNTULEKA
KOMHLABATHI WOKULIMA.

IMITHETHO YOMHLABATHI EYASHAYWA EKUGALENI KWALELIKHULU
LEMINYAKA ESILIPHETHEYO IBE NOMPHUMELA WESIDINGO ESIKHULU
SOMUNYE UMHLABATHI OKWAKUFANELE UKUBA WABELWE ABANTU
ABAMNYAMA. ISIBALO SOMPHAKATHI WABANTU ABAMNYAMA SIKHULE
NGEJUBANE ELIKHULU NEZIMO ZABUQUKA NGEZINGA ELIKHULU.
UHULUMENI WASENINGIZIMU NE-AFRIKA USELIFAKAZELE IQINISO

LALESISIMO, KANTI FUTHI UHULUMENI USANDA KUVUMA KHONA KAMUVA
NJE UKUBA ABUYISELE UMHLABATHI WAKWAZULU KUBANTU BAKWAZULU.
UKUDLULISELWA KOMHLABATHI ONGAMA-HETHESI AYIZI-600 000
KWELAKWAZULU NGUHULUMENI WASENINGIZIMU NE-AFRIKA KUYISENZO
ESIFANELEKE NGOKUPHELELEYO. LOWO MHLABATHI UNGOWETHU.
UNGUMHLABATHI ESEPHUCWA WONA. LOMHLABATHI SAWEPHUCWA
NGEZIKHALI. UKUBUYISELWA KWALOMHLABATHI KITHI KUYUDABA
LOBUQOTHO.

I-ANC ISIZAMA UKUKUPHIKISA MANJE UKUBUYISELWA KOMHLABATHI
WETHU, NGOBA BABONA BELENGELWA YINGOZI ESIPHINDWE KABILI
YOKUKHULA KWAMANDLA EDEMU LENKATHA YENKULULEKO, UHULUMENI
WAKWAZULU KANYE NABANTU BAKWAZULU. UKWABIWA KABUSHA
KOMHLABATHI KUNGUMBANDELA OMQOKA KAKHULU EMPUMELELWENI
YENINGIZIMU NE-AFRIKA YANGOMUSO YENTANDO YENINGI FUTHI
KUMQOKA KAKHULU EKUZIQHENYENI NASEMASIKWENI ABANTU BAKWAZULU.
ILABO ABAKHOLELWA EBULUNGISWENI NASENTANDWENI YENINGI KUPHELA
ABAZOYIQONDA LEMIZWA.

LESI YISIGABA ESISODWA NJE SOKUHLASELWA KWETHU. I-ANC

NEMIKHAKHA.../3

NEMIKHAKHA EBAMBISENE NAYO KABAHEHLI ENHLOSWENI YABO
YOKUKHIPHELA ABANTU NABAHOLI BAKULESISIFUNDA NGAPHANDLE
KWENKUNDLA YEZOMBUSAZWE. KUSUKELA EKUVULWENI KWE-ANC NGO-
FEBHUWALI 1990 UKUHLASELWA KWEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO,
UKUHLASELWA KUKAHULUMENI WAKWAZULU, UKUHLASELWA KOMBUTHO
WAMAPHOYISA AKWAZULU, NOKUHLASELWA KWABANTU BAKWAZULU
KUGHUBEKE NGEZINGA LOKUBA SESULWE SIPHELE NYA EBUSWENI
BOMHLABA. LOKHU KUHLASELWA KWETHU KUHLOSWE NGA KHO UKUBA
KUBHIDLIZWE AMANDLA OBUNYE BETHU. LOMBU WOKUCEKELA PHANSI
UBONAKELE EMIPHAKATHINI YETHU, EZIMBONINI, EZITIMELINI
NASEMAHOSTELA. SIYANDA ISIBALO SABANTU ABAFAYO NJENGOBA I-ANC
IHLELA INKUNDLA YOKUHLWITHA AMANDLA OMBUSO NGEZIKHWEFHA.

ININGIZIMU NE-AFRIKA ISHAGEKE KAKHULU NGENKATHI I-ANC INIKELA
NGENDLELA ENGENABUCHOPHO NGEMIPHEFUMULO YABASEKELI BAYO
ABANGAMA-29 EMZABALAZWENI WAYO YOKUZIZUZELA AMANDLA OMBUSAZWE
EBISHO, ECISKEI. NGISHO NALOKHU KAKUZANGE KUPHUMELELE
UKWENELISA UKULAMBELA KWABO INDLUZULA NOKUFA. NGENDLELA
ENOKWEDELELA OKUPHELELEYO ABAHOLI BE-ANC BASEKELA
UKHUKHULELANGOOD WOMGCWABO WABASEKELI BAYO EQONCE (KING
WILLIAMS TOWN), OKUYIDOLOBHA ELISEDUZE KAKHULU KOMNGCELE
WECISKEI, NGOLWESIHLANO OLWALANDELA ISEHLO SASEBISHO. NASO
LESISENZO SAHOLELA EKUFENI OKUNGADINGEKILE KWABANYE ABANTU
ABAYISITHUPHA, NGENKATHI IZIXUKU ZICEKELA PHANSI IDOLOBHA
NGOMLILO, ZIPHIHLIZA IHHOTELA ZICEKELA PHANSI NAMAKHAYA
AMALUNGU OMBUTHO WEZOKUPHEPHA WASECISKEI NGAMABHOMU
KAPHETHOLO.

INTENGO YENDLUZULA YASEBISHO KUFANELE YENZIWE ICACELE WONKE
UMUNTU. LENTENGO ENGAPHEZULU KAKHULU KWEZIDUMBU EZIBALWAYO.
IKHINYABEZA UMNOTHO — WETHU — NGOKUBHIDLIZWA — NGENHLOSO
KWAMATHEMBA AWOSIZIMALI — ABERENOKUTSHALA — IZIMALI — ZABO
KULELIZWE, YISIMO LESI I-ANC NEMIKHAKHA EBAMBISENE NAYO
ASEBESEBENZE KANZIMA — UKUBA — BASIDALE, — KEPHA — NAPHEZU
KWALAMAPHUTHA ESABEKAYO ABAWENZILEYO, UHULUMENI WENINGIZIMU
NE-AFRIKA USAQHUBEKA NOKUTHOBELA LOKHO OKUFUNWA YUBAMBISWANO
LWE-ANC/SACP, UKULANDELA — NGQO — EZITHENDENI — ZESIBHICONGO
SASEBISHO, UBAMBISWANO — LWE-ANC/SACP — BAMEMEZELA — INHLOSO
YOKUHLASELA ULUNDI, — OKUYINHLOSO — YOKUPHINDA — YONA
LEYONHLEKELELE ENDAWENI — YETHU. IYAKHANYA IMIZAMO YE-ANC
YOKUKHUTHAZA ISIMO ESINYENGAYO ENINGIZIMU NE-AFRIKA, KEPHA
UHULUMENI WASENINGIZIMU — NE-AFRIKA — UYAXHAMAZELA — UTHOBELA
UBAMBISWANO LWE-ANC/SACP.

ABANTU BAKWAZULU BABUMBENE NGENDLELA ABANGAKAZE BABUMBANE
NGAYO KULEMINYAKA EYI-113 KUSUKELA EMPINI YETHU NAMANGISI
ONDINI. SIBUMBENE NGENDLELA ESINGAKAZE SIBUMBANE NGAYO

NGAPHAMBILI.../4

NGAPHAMBILI KULANDELA UKWEHLISWA KWETHU ISITHUNZI NGAWO
UHULUMENI BAMAKOLONI NABOBANDLULULO NGOKULANDELANA KWABO.
FUTHI SIZOBHEKANA NOKUHLASELWA NGONYA YUBAMBISWANO LWE-
ANC/SACP. LOKHU KUHLASELWA KWELAKWAZULU ELISONGELWA NGAKHO
SEKUYUCHUKU LOKUGCINA. SESICIKEKILE YINDLUZULA ESETSHENZISWA
KITHI YI-ANC. KUNABAFOWETHU NODADEWETHU ABANINGI KAKHULU
ASEBEFILE UKUFAKAZELA LESISAHLUKO SONYA LWE-ANC/SACP. NGIZWA
INTUKUTHELO ENKULU NGENDLELA ENGINGAKAZE NGIYIZWE PHAKATHI
KODUGABA LWABANTU BAKWAZULU NGENXA YALEZIZINSONGO ZOKUMASHA
KUYIWE ENHLOKODOLOBHA YABO.

I-ANC SEYENZE KONKE OKUSEMANDLENI AYD UKUTHELA UHULUMENI
WAENINGIZIMU NE-AFRIKA NGEHLAZO. KEPHA NAPHEZU KWALEMIZAMO
YOKUFAKA UHULUMENI ENKINGENI, LAPHO I-ANC IBEKA KHONA
IMIBANDELA YEZINTO ABAZIYO UKUTHI UHULUMENI AKAKWAZI
UKUHLANGABEZANA NAZO, UHULUMENI USAKHOMBISA UKUZIMISELA
OKUNGACHAZEKIYO UKUTHOBELA INTANDO YE-ANC.

KUSUKELA EKVULWENI KWE-ANC NGOFEBHUWALI 1990, I-ANC
ISEWABHIDLIZE WONKE AMATHEMBA OKUBONISANA NOKUTHULA.
BENGABILE UKUDALA ISIMO SOKUHLANGABEZANA NAMANYE AMAQOOO
EZOMBUSAZWE. OKUYIKUPHELA KOHLELO LWE-ANC YIKUZIPHATHELA
UHLELO LOGOBUKO NOHULUMENI WANGOMUSO WASENINGIZIMU NE-AFRIKA
NGAPHANDLE KOKUBONISANA NAMUNTU. FUTHI KAKUKHO NOKUNCANE
UKUNGABAZA EMQONDWENI YETHU UKUTHI UBAMBISWANO LWE-ANC/SACP
LUZOSEBENZISA NOMA YIZIPHI IZINDLELA OLUNOKUZISEBENZISA

UKUFEZA LEZIZINJONGO. ~~UMBIMBI~~ ~~LWE-ANC/SACP~~ ~~KALUKAZE~~, FUTHI
KALUSOZE ~~LWABANANDABA~~ ~~NANOMA~~ ~~YILUPHI~~ ~~UHLELO~~ ~~LOKUHLANGANYELA~~
~~AMANDLA~~ ~~NGENDLELA~~ ~~YENTANDO~~ ~~YABANTU~~. UKUBONISANA ~~KWEHLULEKA~~,
NGAKHO ~~UBAMBISWANO~~ ~~LWE-ANC/SACP~~ ~~LWADOKA~~ ~~UKUSEBENZISA~~
~~INDLUZULA~~.

~~UMBIMBI~~ ~~LWE-ANC/SACP~~ ~~LWALUSONGELA~~ ~~UHLELO~~ ~~LOKUBONISANA~~
KUSUKELA ~~KWASEKUGALENI~~. KUTHE ~~NXA~~ ~~UMBIMBI~~ ~~LWE-ANC/SACP~~
~~SELWEHLULEKA~~ ~~UKUBA~~ ~~NESIDINISEKO~~ ~~SOKUTHI~~ ~~YIBO~~ ~~ABAZOPHATHA~~
~~UHLELO~~ ~~LOGUQUKO~~ ~~KUCODESA~~, ~~UMZABALAZO~~ ~~WABO~~ ~~BAWUTHATHA~~ ~~BAYANAWO~~
~~EZITALADINI~~. ~~UMPHUMELA~~ ~~WALOKHO~~ ~~KUBE~~ ~~YIKUFAKA~~ ~~INDLUZULA~~
~~NOKUCEKELA~~ ~~PHANSI~~ ~~EMPILWENI~~ ~~YABOBONKE~~ ~~ABANTU~~ ~~BASENINGIZIMU~~
~~NE-AFRIKA~~, ~~IKAKHULUKAZI~~ ~~ABANTU~~ ~~BAKWAZULU~~. ~~KAKUKHO~~ ~~NOLULODWA~~
~~USUKU~~ ~~OLUDLULAYO~~ ~~NGAPHANDLE~~ ~~KWESEHLO~~ ~~ESITHILE~~ ~~ESISHA~~ ~~SONYA~~
~~LWE-ANC~~.

~~KEPHA~~ ~~YIYO~~ ~~KANYE~~ ~~LENHLANGANO~~ ~~UHULUMENI~~ ~~WASENINGIZIMU~~ ~~NE-~~
~~AFRIKA~~ ~~ASEYIQOKE~~ ~~UKUBA~~ ~~ABONISANE~~ ~~NAYOYODWA~~, ~~NGALEYONDLELA~~,
~~IFAKAZELA~~ ~~IMFUNDISOZE~~ ~~YE-ANC~~ ~~YOKUTHI~~ ~~ISIVUMELWANE~~ ~~ESIPHAKATHI~~
~~KUKAHULUMENI~~ ~~NE-ANC~~ ~~YISO~~ ~~KUPHELA~~ ~~ESIDINGEKAYO~~ ~~UKUZE~~ ~~KUBE~~
~~NESIDINISEKO~~ ~~SIKAHULUMENI~~ ~~WANGOMUSO~~ ~~WENTANDO~~ ~~YENINGI~~. ~~NGEVIKI~~

ELEDLULE.../5

ELEDLULE UMENGAMELI F.W. DE KLERK ~~USAYINDE~~ ISIVUMELWANE NE-
ANC, EKWENZA ~~LOKHO~~ ~~AZI~~ ~~KAHLE~~ ~~UKUTHI~~ NGIYOSIPHIKISA
LESOSIVUMELWANO - NGAKHO EKWENZENI LOKHO UMNU. DE KLERK WENZE
IPHUTHA ELIKHULU ~~ELINGASE~~ ~~LIHOLELE~~ ~~EKUKHISHWENI~~ KWAKHE
INYUMBAZANE. NGIYASHADEKA ~~FUTHI~~ NEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO
NOHULUMENI WAKWAZULU ~~BAYASHADEKA~~ ~~FUTHI~~ KUYASICASULA ~~LOKHO~~
OKUQUKETHWE YILESISIVUMELWANO. KANGINANKINGA ~~MINA~~
NGOKUBONISANA KWEMIKHAKHA ~~EMIBILI~~ PHAKATHI KUKAHULUMENI NE-
ANC, KEPHA NGIPHIKISANA NGOKUPHELELEYO NOKUTHATHWA KWEZINGUMO
OKWENZIWA YIMIKHAKHA ~~EMIBILI~~ NOKUBA LESOSINGUMO SIPHOGELELWE
PHEZU KWETHU ~~SONKE~~. APHI NJE AMAZULU KULOLUHLELO LOKUTHULA?
OKUKUQALA UMENGAMELI DE KLERK WANGINIKEZA ISIGINISEKO UKUTHI
NGEKE KUBEKHONA NKINGA NGEZITHUNYWA ZESILO KANYE NEZITHUNYWA
ZAKWAZULU EKUBONISANENI ~~NGEKUSASA~~ LALELIZWE KUCODESA. KEPHA
KWATHI NXA ~~UBAMBISWANO~~ ~~LWE-ANC/SACP~~ LUKUPHIKISWA UKUFAKWA
KWESILO NESIZWE SAKWAZULU UMENGAMELI DE KLERK WAVUMELANA NABO
WAKUSEKELA UKUSHIYWA ~~NGAPHANDLE~~ ~~KWESILO~~ ~~NOZULU~~. LOKHU
KWABAYISENZO SOKUQALA SOKUDAYISWA KWETHU. LOKHU OSEKWENZEKE
MANJE, KWENZEKE NGEMUVA KOKUBA SENGIZAME NGESINEKE ESIKHULU
UKUKHOMBISA UMENGAMELI DE KLERK NGOKUCABANGA UKUTHI UHULUMENI
WAKHE NOBAMBISWANO ~~LWE-ANC/SACP~~ BANGASE BAKWAZI ~~UKUSIXAKA~~
SONKE NGEZINGUMO ~~ESINGAZANGE~~ ~~SIHLANGANYELE~~ ~~EKUZITHATHENI~~.
EZIKHATHINI EZIMBILI WAKHONONDA NGOKUTHI KANGIMCABANGELANGA
NGOKUYIKHO NOKUTHI NGIYAMDUMAZA NGOKUZAMA UKUMXWAYISA NGENTO
OKUCATSHANGWA UKUTHI UYAYENZA.

NXA LESISIVUMELWANO ESIPHAKATHI KUKAHULUMENI NOBAMBISWANO
LWE-ANC/SACP KUHLOSWE NGALO UKUBA KUHELEWE INKUNDLA YOHLELO
LWANGOMUSO LOKUBONISANA, KUSHO UKUTHI NGINGAVELE NGINGABALWA
MINA KULO. SEKUKINI-KE NJENGABASEKELI BAMI ABATHEMBEKILEYO,
NGINXUSA NINA UKUBA NINGIGUNYAZE KULESISINGUMO. NOMA YIMIPHI
IMIZAMO KAHULUMENI NOBAMBISWANO LWE-ANC/SACP YOKUPHATHA
UHLELO LOKUBONISANA BESIYA IGEMBU LENKATHA YENKULULEKO
NOHULUMENI WAKWAZULU NGAPHANDLE IFANELE UKUBUKELWA PHANSI -
NEMIZAMO KAYIKHO NEZE EMITHETHWENI FUTHI KAYISHO LUTHO.

KUMANJE LAPHO KUFANELE SIKHETHE KHONA INDLELA YETHU. NGABE
KUFANELE SIVOTELE NGOKUBONISANA KWAMAGEMBU AMANINGI
OKUQUKETHE UMOYA WEGINISO WOBUZWE BASENINGIZIMU NE-AFRIKA,
OZWAKALISA IMIZWA YAMASIKO NEZIZWE EZEHLUKENEYO EZIKHONA,
NGALEYONDLELA UVUMELA UMZULU UKUBA ABE NGUMUNTU WASENINGIZIMU
NE-AFRIKA ONGUMZULU NA? NOMA KUFANELE SITHOBELE IZINGUMO
EZEHLA NGAPHEZULU NJE ESIZINGUNYELWA NGUHULUMENI NOBAMBISWANO
LWE-ANC/SACP NA? NGITHI QHA! UKUKHETHA LENDLELA KUYOKHIPHA
ABANTU BAKWAZULU INYUMBAZANE. KUFANELE SILILWELE IFA LETHU
SILWELE NAMASIKO ETHU AHLONIPHEKILEYO.

UMBHALO OQOPHA ISIVUMELWANO OPHAKATHI KWE-ANC NOHULUMENI

KAWUWONA...../6

KAWUWONA UMBHALO OKHOMBA IZINYATHELO ZOKUSUSWA KWEZITHIYO
EZISENDLELENI YOKUBONISANA, KEPHA UYOSEBENZA NJENGESIMEMEZELO
SEMPI EGENJINI LENKATHA YENKULULEKO, UHULUMENI WAKWAZULU
NABANTU BAKWAZULU. UKUBA ~~BESIFAKIWE~~ KULEZIZINGXOXO,
LOWOMBHALO NGABE UBHALWE NGAMAZWI EHLUKILEYO. NGIFISA UKUSHO
LOKHU NAMHLANJE KUHULUMENI NAKU-ANC UKUZE KUDOPHEKE PHANSI,
MINA NJENGESISEBENZI ~~SABANTU BAKITHI~~ NGIYAYICHITHA INDLELA
ENIQONDA NGAYO ~~INTANDO YABANTU~~. PHEZANI ~~UKUHUBHUZA ILUMBO~~
NIKHOLISE ABANTU ~~BASENINGIZIMU~~ NE-AFRIKA! ~~KASIKWEMUKELI~~
UKUHLANEKEZELA NOKUPHENDUKEZELA ~~KWENU IQINISO~~ LESIMO
BASENINGIZIMU NE-AFRIKA - NGOBA LELIQINISO KALIHLANGANISI
UHULUMENI NE-ANC KUPHELA.

~~KUBANTU BAKWAZULU~~ ~~NGIKHULUMA~~ ~~NJENGOMZUKULU~~ ~~WAMAKHOSI~~
~~AKWAZULU~~, ~~ABAMBA IQHAZA~~ ~~ELIMOOKA~~ ~~KAKHULU~~ ~~EMZABALAZWENI~~
~~WENKULULEKO~~ ~~NASEMZABALAZWENI~~ ~~WENTANDO~~ ~~YENINGI~~. ~~NGUKHOKHO~~
~~WAMI~~, ~~INKOSI UCETSHWAYO~~, ~~OWABAMBA IQHAZA~~ ~~ELIMOOKA~~ ~~EKULWENI~~
~~KUKAZULU~~ ~~NESINYE SEZIZWE~~ ~~EZINAMANDLA~~ ~~KUNAZOZONKE~~ ~~EMHLABENI~~,
~~AMANGISI~~. ~~AMANGISI~~ ~~AZAMA~~ ~~UKUCOBOSHISA~~ ~~ISIZWE~~ ~~SAMAZULU~~ ~~KEPHA~~
~~EHLULEKA~~.

NGINGUMPHUMELA WOMZABALAZO ~~WENKULULEKO~~ ~~FUTHI~~ ~~NGINGUMPHUMELA~~
~~WOMLANDO~~ ~~WEZWE~~ ~~LAKITHI~~. ~~NGAMANDLA~~ ~~NANGENKOLELO~~ ~~YOMHOLI~~
~~ONGUMZULU~~ ~~NGERINISO~~, ~~NGIZOLWA~~ ~~NAYOYONKE~~ ~~IMIZAMO~~ ~~YOKUCEKELA~~
~~PHANSI~~ ~~ABANTU~~ ~~BAKITHI~~. ~~SIHLANGENE~~ ~~NOBUNYE~~ ~~SIZOLWA~~ ~~NONYA~~

LOKUHLASELWA KUKAHULUMENI — WAKWAZULU — NEGEMBU — LENKATHA
YENKULULEKO, UZULU — OKHONA — NAMHLANJE — UNGUMPHUMELA — WESIZWE
SAMAGHWE, ISIZWE OKUNGEKHO MANDLA EMLANDWENI AKE APHUMELELA
UKUSIGDABA, NGEKE — SIGOTSHWE — YIZINSONGO — ZE-ANC — NGENDLELA
UHULUMENI AGOTSHWE — NGAYO — YILOKHO — ABATHI — BAYAKUFUNA,
SINGAMAZULU, FUTHI SIZOKULWELA UKULONDOLOZA ISIZWE SAMAZULU.

AKESIBHEKANE MANJE — NALEZOZINDABA — ZE-ANC/SACP — UHULUMENI
WASENINGIZIMU NE-AFRIKA — ASENZE — KONKE — OKUSEMANDLENI — AKHE
UKUZEMUKELA, I-ANC — NEMIKHAKHA — EBAMBISENE — NAYO. BESEKELWA
ISINYENYELA YIZINHLELO ZETHU ZASEKHAYA — ZOKUSAKAZA — IZINDABA,
BAQHUBEKA NOKUSEBENZISA — IMFUNDISOZE — ABAYISABALALISAYO
ENYUNDELAYO NECEKELA — PHANSI — ABABEKA — NGAYO — ABANTU — ABAHLALA
EMAHOSTELA NJENGABANTU — OKUYIBONA — ABAHLASELAYO — ENDLUZULENI
ESENTILASIFALI. KEPHA — EQINISWENI, — ININGI — LABANTU — ABAHLALA
EMAHOSTELA LIHLALELE — OVALWENI — NOKUNGABAZA, — BAHHLALA
BESENGOZINI EQHAMUKA — NGAPHANDLE — KWEZINDONGA — ZAMAHOSTELA,
LEMFUNDISOZE — EPHENDUKEZELIWEYO — SEYZE — YADALA — UKUBA
KUKHOLAKALE LOKHO — OKUFUNWA — YI-ANC — UKUBA — ABANTU — BAKITHI
ABAHHLALA EMAHOSTELA — BABIYELWE — NGEZINGCINGO — NJENGEZILWANE
EZISEZINKANJINI. LOKHU — KUZOSHO — UKUTHI — LAWOMAHOSTELA — I-ANC
EBONA UKUTHI AYINKINGA AZOBİYELWA NGOCINGO OLUNAMEVA.

UKUHLASELWA/7

UKUHLASELWA KWAMAHOSTELA I-ANC KUYIKUHLASELWA KWABANTU
BAKWAZULU NGENDLELA ESOBALA. LOKHU KUHLASELA KUDHUTSHWA
NGUMOYA WABO WENZONDO YOBUZWE YOKULWA NOZULU EYAGALA
UKUBONAKALA ENCWADINI EVULEKILEYO KADOKOTELA MANDELA
AYEYIBHALELE UMENGAMELI WOMBUSO NGO-APRILI NGONYAKA ODLULE.
KULENCWADI UDOKOTELA MANDELA WAKHULUMA NGAMAZULU EDEMBU
LENKATHA YENKULULEKO AVIVISIWEYO OKWATHIWA AVIVISWA NGUMBUTHO
WAMAPHDYISA ASENINGIZIMU NE-AFRIKA KANYE NOMBUTHO
WEZOKUVIKELA WASENINGIZIMU NE-AFRIKA UKUZE AHLASELE I-ANC.

UBAMBISWANO LWE-ANC/SACP LUHLOSE UKUBA LUBIYELE ABANTU
BAKITHI ABANGAMAZULU EZINKANJINI EZIFANA NEZEZIBOSHA ZEMPI
UKUZE BAPHENDULWE INKOLOLO BABHUKWE NGEZIBHAMU ENTILASIFALI.
YIYO LEMIKHAKHA EFANAYO YE-ANC/SACP EZAMA UKUTHELA AMAZULU
NGEHLAZO NGOKUFAKA ABANTU BEMIPHAKATHI EZUNGEZE AMAHOSTELA
INGEBHE KUTHIWE KABABALEKE NXA AMACOMRADE E-ANC EMEMEZA ETHI
'AYEZA AMAZULU!'.

LOMOYA WOBANDLULULO LWEZINHLANGA WOBUTHA WOKUZONDA AMAZULU
UQINISWA YILESISENZO SIKAHULUMENI SOKUVALA KONKE UKUPHATHWA
KWEZIKHALI ZENDABUKO. NGUBUXOKI OBUYISIMANGA LOBU
NGASOHLANGOTHINI LUKAHULUMENI, KUNGBUXOKI OBULINGANA
NOKUSEKELA I-ANC KULELIGQUBU LAYO LOKULWA NGEDEMBU LENKATHA
YENKULULEKO KANYE NOHULUMENI WAKWAZULU. NGEMUVA KOKUZIPHATHA
KUKAHULUMENI NGOKUHLANGANA NOBAMBISWANO LWE-ANC/SACP
EKUSHIYENI NGAPHANDLE IZITHUNYWA ZESILO SIKAZULU NESIZWE

SAMAZULU KU-CODESA LOKHU KUDAYISWA KWETHU KWAKAMUVA
KUNGUUKUDAYISWA KOKUGCINA KWESIZWE SAMAZULU.

SELOKHU KWATHI ~~NHLO~~ ~~NGISEKELA~~ ~~NOMA~~ ~~YIZIPHI~~ ~~IZINYATHELO~~
~~ZOKWEPHUCA~~ ~~ABANTU~~ ~~IZIKHALI~~ ~~EZIYINGOZI~~. ~~NJENGOMENGAMELI~~
~~WEGEMBU~~ ~~LENKATHA~~ ~~YENKULULEKO~~ ~~NANJENGONDUNANKULU~~ ~~WAKWAZULU~~
~~SENGENZE~~ ~~OKUNGAPHEZULU~~ ~~KOKUHLANGABEZANA~~ ~~NOHULUMENI~~
~~KULOLUDABA~~. ~~SENGILIHAMBE~~ ~~LONKE~~ ~~IBANGA~~ ~~ENGINOKULIHAMBA~~
~~EKUHLANGABEZANENI~~ ~~EGAMENI~~ ~~LABANTU~~ ~~BAKWAZULU~~ ~~NGAPHAMBI~~ ~~KOKUBA~~
~~NAMI~~ ~~NGIDAYISE~~ ~~NGABO~~ ~~KU-ANC~~. ~~UKUZINIKELA~~ ~~KWAMI~~ ~~EKUTHULENI~~
~~SEKUQHUBEKE~~ ~~KWAZE~~ ~~KWAFINYELELA~~ ~~LAPHO~~ ~~NGIVUME~~ ~~KHONA~~ ~~UKWENZA~~
~~YONKE~~ ~~INTO~~ ~~ESEMANDLENI~~ ~~AMI~~ ~~UKUVIMBELA~~ ~~ABASEKELI~~ ~~BEGEMBU~~
~~LENKATHA~~ ~~YENKULULEKO~~ ~~EKUPHATHENI~~ ~~IZIKHALI~~ ~~ZENDABUKO~~
~~EZINDAWENI~~ ~~ESEZIMENYEZELWE~~ ~~NJENGEZINDAWO~~ ~~EZINEZIBHELU~~.

~~NOMA~~ ~~YINI~~ ~~ENYE~~ ~~ESICINDEZELWA~~ ~~UKUBA~~ ~~SIYENZE~~ ~~NGAPHEZU~~ ~~KWALOKHU~~
~~ILINGANA~~ ~~NOKUHLASELA~~ ~~ISIZWE~~ ~~SAMAZULU~~ ~~NGO~~ ~~UKWEPHUCA~~ ~~AMAZULU~~
~~IZIKHALI~~ ~~ZAWO~~ ~~ZENDABUKO~~ ~~KUSHO~~ ~~UKWEPHUCA~~ ~~ABANTU~~ ~~BAKITHI~~
~~IMVUNULO~~ ~~NEZIMPAWU~~ ~~ZABO~~ ~~ZENDABUKO~~ ~~ABAZIQOKELE~~ ~~ZONA~~.
~~KUYIQHINGA~~ ~~LOBUQILI~~ ~~UKUBHIDLIZA~~ ~~UPHAWU~~ ~~LOBUZWE~~ ~~NOKUZAZI~~
~~KWABANTU~~ ~~BAKWAZULU~~ ~~NOKUBESABISA~~ ~~NGENDLELA~~ ~~ENEMPI~~ ~~ENKULU~~
~~NGALOLUPHAWU~~ ~~LWABO~~. ~~KUKHONA~~ ~~ITULO~~ ~~ELIHLELIWEYO~~ ~~LOKUTHENA~~
~~ABANTU~~ ~~BAKWAZULU~~ ~~NGOKWAMASIKO~~ ~~NANGOKOBUZWE~~ ~~NGOKUSEBENZISA~~
~~UKUBESABISA~~ ~~NOKUBACHUKULUZA~~.

NGICELA...../8

NGICELA UKUKHUMBUZA ~~UMBIMBI~~ ~~LWE-ANC/SACP~~. ~~KAKUKHOLUTHO~~
ENILUZUZILEYO ESIVUMELWANENI ~~SENU~~ ~~NOHULUMENI~~ ~~MAQONDANA~~
NAMAHOSTELA NEZIKHALI ~~ZENDABUKO~~. ~~LEZIZINDABA~~ ~~KAKUKWAZI~~
UKUBONISWANA NGAZO ~~KUTHATHWE~~ ~~IZINGUMO~~ ~~NGAPHANDLE~~ ~~KOKUBA~~
IDEMBU LENKATHA ~~YENKULULEKO~~ ~~NOHULUMENI~~ ~~WAKWAZULU~~
BAHLANGANYELE KULOKHO KUBONISANA. AMAZULU NGEKE ENZIWE IZIMVU
ZOMHLATSHELO ZOKUZINCENGELA ~~OBAMBISWANENI~~ ~~LWE-ANC/SACP~~.
SENGIKUSHO IZIKHATHI ~~EZINGAPHEZULU~~ ~~KWESISODWA~~ ~~LOKHU~~
KUMENGAMELI UDE KLERK WAKHONONDA ~~KAKHULU~~. KEPHA NAPHEZU
KWALOKHO UQHUBEKILE WENZA KHONA LOKHO.

NGITHI KUHULUMENI NAKU-ANC, SEKUYISIKHATHI SENU LESI SOKUBA
NIZWE LOKHO OKUFUNWA YITHI. IDEMBU LENKATHA YENKULULEKO
NOHULUMENI WAKWAZULU BATHI NGAPHANDLE KOKUBA KUHLAKAZWE
UMBUTHO WE-ANC WEZEMPI ONONYA KHONAMANJE UMKHONTO WESIZWE,
NOKUBA KUKHULULWE IZISEBENZI ZAWO EMSEBENZINI, UKUBONISANA
KAKUKWAZI UKUQHUBEKA. LOKHU KUGXILA EZIKHALINI ZENDABUKO
KAKULINGANI NEZE ~~NXA~~ ~~KUQHATHANISWA~~ ~~NOKUCEKELA~~ ~~PHANSI~~
NOKUBHUBHISA OKWENZIWA ~~YUPHIKO~~ ~~LWEZEMPI~~ ~~LWE-ANC~~. ISIMO
SEZINXUSHUNXUSHU ESIBUSAYO NJENGAMANJE EZINGXENYENI EZITHILE
ZENINGIZIMU NE-AFRIKA ~~ZINGUMPHUMELA~~ ~~WEMIKHANKASO~~ ~~YE-ANC~~
YOKUDALA ISIMO ~~ESINGABUSEKI~~ ~~EZWENI~~ - ~~OKUNGUMKHANKASO~~
OBUDHUTSHWA NGUMKHONTO WESIZWE.

~~OBAMBISWANO~~ ~~LWE-ANC/SACP~~ ~~NOPHIKO~~ ~~LWAWO~~ ~~LWEZEMPI~~ ~~BEBETHUNGATHA~~
~~UKUKETULA~~ ~~UHULUMENI~~ ~~WASENINGIZIMU~~ ~~NE-AFRIKA~~, ~~BENGENDABA~~

NOKUTHI LOKHO KUYOFEZWA KANJANI NOKUTHI KUYOTHATHA ISIKHATHI
ESINGAKANANI UKUBA ~~IZWE~~ ~~LIVUSELELEKE~~ KULEYONXUSHUNXUSHU
NOSIZI OLUYODALEKA. INGASAKHULUNYWA-KE EYEZIBALO EZESABEKAYO
ZEMIPHEFUMULO YODUGABA OLUNGENACALA EYOBE ISILAHLEKILE. I-ANC
IZIMISELE NGOKUHLWITHA AMANDLA NGISHO NOMA NGABE LOKHO
KUNGABIZA YIPHI INTENGO.

IQHINGA LE-ANC/SACP ~~LOKUNGBUSEKI~~ ~~LADALA~~ ~~UCHUNGECHUNGE~~
~~LOKUHLASELA~~ ~~NOKUHLASELA~~ ~~KOKUZIPHINDISELELA.~~ ~~LABO~~
~~ABABEHLASELWA~~ ~~KULOMKHANKASO~~ ~~BAZIPHENDULELA~~ ~~NGOLAKA~~
~~OLWAYISHAQISA~~ I-ANC. IMPI YABANTU YE-ANC, EYASUNGULWA
NGENHLOSO YOKUKETULA UMBUSO, YAGUQULWA YENZIWA IMPI YOKULWA
NEZIGABA EZININGI ZOMPHAKATHI OMNYAMA.

SELIKHUPHUKHE NGENDLELA ^e ~~ESABEKAYO~~ IZINGA ~~LOKUBULAWA~~ KWABANTU
NGOKUSETSHENZISWA ~~KWESIHLUKU~~ ~~ESIFUNDENI~~ ~~SAKITHI.~~ LOKHU
KULANDELA IQHINGA ~~LOMKHONTO~~ ~~LOKUVIVA~~ ~~NGENHLOSO~~ ~~YOKUGENA~~
KWELAKWAZULU. UKUSEKELWA KWE-ANC KULESISIFUNDA KUNCANE
KAKHULU NGAKHO BAYEHLULEKA UKUFUMANA INDAWO YOKUBAMBELELA
EMIPHAKATHINI YAKITHI. YIKHO LOKHU OSEKUDALE UKUBA UKUDALWA
KWESIMO ESINTENGAYO ESIFUNDENI SAKWAZULU KUBEYINTO EPHEZULU
KAKHULU OHLELWENI LWABO LWEZOMBUSAZWE. SISANDA KUVUMBULULA

IZIKHALI...../9

IZIKHALI EBEZIFIHLWE NGAPHANDLE KWASONDINI NGENHLOSO YOKUBA
ZISETSHENZISWE EMASHINI YE-ANC EMZAMENI WABO WOKUKETULA
UHULUMENI WAKWAZULU. NGEMPELAVIKI ~~EDLULE~~ I-ANC IZAMILE
UKUPHAKA AMABUTHO ~~AYO~~ ~~OMKHONTO~~ UKUBA ~~AYEKOVIMBA~~ IMIKHOSI
YOSUKU LWENKOSI USHAKA. *lunamash*

KUFANELE UPHELE ~~UMKHONTO~~. *h* KAKUKWAZI ~~UKUBA~~ KUBEKHONA
UKUBONISANA EZINGENI LIKAZWELONKE NXA UMBUTHO WE-ANC WEZEMPI
USALOKHU UKHONA. NXA UZOGHUBEKA NOKUBAKHONA, UGHUBEKE FUTHI
NANGEMUVA KOKUSUNGULWA KUKAHULUMENI WESIKHASHANA, NOMA NGABE
UZIMELE NOMA UYINGXENYE ~~YOMBUTHO~~ WASENINGIZIMU NE-AFRIKA
WEZOKUVIKELA, NINGAVELE ~~NINGANGIBALI~~ NJE ~~MINA~~
KULEZIZIVUMELWANO.

h SENGIKHATHELE MANJE YILOKHUKUBULAWA KWAMAZULU
OKUNGENABUCHOPHO. NGEKE NGIME NGISONGE IZANDLA NJE SIBE SANDA
ISIBALO SABANTU BAKITHI ABABULAWAYO KULEMPI YE-ANC YOKUCHITHA
IGAZI NGENHLOSO ~~YOKUZIFUMANELA~~ ~~AMANDLA~~. AMAZULU KUFANELE
AHLALE ERUMBENE ~~EMANDLENI~~ ~~AWO~~ ~~NASEBUNYENI~~ BAWO. THINA
NJENGAMAZULU NGEKE ~~SIKWEMUKELE~~ ~~UKUBA~~ ~~ISIFUNDA~~ SETHU
SINGCOLISWE YIMIKHAKHA ~~YANGAPHANDLE~~ ~~ENOBUTHA~~. I-ANC
NAMAKHOMANISI ABAMBISENE NAYO NGEKE ALAWULE ABUYE AQONDISA
IMPILO YETHU. YISO ISIKHATHI SOKUBA SIDWEBE UMUGQA MANJE
SITHI SEKWENELE, KAKUSEDLULWA LAPHA. NXA LOKHU KUSHO UKUTHI
SIZOKUFA, SINGAVELE SIFE. INGANI SEBEVELE BAHLINZA ABANTU
BAKITHI ZONKE IZINSUKU LEZI. KAKUKHO NOLULODWA UHLANGA NOMA
IQOOO LOLIMI ELILAHLEKELWA NGAMALUNGU ALO NJENGOBA KWENZEKA

ESIZWENI SAMAZULU KUSUKELA EMINYAKENI EPHAKATHI NAWO 1980.
SIZIBAMBILE KASANGENA EZENZWENI ZENDLUZULA SONKE LESISIKHATHI
NGIKWEZOMEUSAZWE. KUYISHWA UKUBONA IMIKHAKHA EBHEKENE NESIZWE
SAKWAZULU ENGAPHAKATHI NENGAPHANDLE. OKHOKHO BETHU BASUKUMA
BABHEKANA NENGOZI EYAYILENGELA UKUBA KHONA KWESIZWE SAMAZULU.
SEKUYITHUBA LETHU NATHI LOKUBA SIPHEBEZE IZINHLELO ZABANYE
ZOKUSICOBOSHISA. LOKHO SIKUKWENETA IZINKULUNGWANE ZABANTU
BAKITHI ASEBEFELE UKUVIKELA THINA NOKUVIKELA IFA LETHU.
KAKUFANELE SIFUMANEKE ~~SINTULA~~ EKUFEZENI LOWOMSEBENZI
OSEMAHLOMBE ETHU.

THINA NJENGOZULU SIYAKWAZI UKUQUBULA ISIQUBULO SETHU SOSUTHU,
FUTHI SIZOSIQUBULA ISIQUBULO SOSUTHU UKUZE SINKENENEZE
KUZOZONKE IZIGODI NEZINKALO ZALOLONKE ELAKWAZULU NALOLONKE
ELASENATALI - ABANTU BAYOSILANDELA. SEBELUNGILE.

SIYAKHULEKA ESILWENI ESINGUMGAMBI WETHU, INKOSI USHAKA,
KASENZANGAKHONA NOMZUKULU NENKOSANA YAKHE, ISILO ESIBUSAYO
NJENGAMANJE OKUYITHUBA LAMI MANJE UKUSETHULA KINI
KULESISIKHATHI.

WENA WENDLOVU!
WENA WENDLOVU!
BAYEDE!